www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com

CAMBRIDGE INTERNATIONAL EXAMINATIONS

International General Certificate of Secondary Education

# MARK SCHEME for the October/November 2012 series

# 0531 ZULU AS A SECOND LANGUAGE

**0531/02** Paper 2 (Listening), maximum raw mark 30

This mark scheme is published as an aid to teachers and candidates, to indicate the requirements of the examination. It shows the basis on which Examiners were instructed to award marks. It does not indicate the details of the discussions that took place at an Examiners' meeting before marking began, which would have considered the acceptability of alternative answers.

Mark schemes should be read in conjunction with the question paper and the Principal Examiner Report for Teachers.

Cambridge will not enter into discussions about these mark schemes.

Cambridge is publishing the mark schemes for the October/November 2012 series for most IGCSE, GCE Advanced Level and Advanced Subsidiary Level components and some Ordinary Level components.

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsebenzi 1, Umbuzo 1–6**

**1** Akusilo

**2** Iqiniso [1]

**3** Iqiniso [1]

**4** Akusilo [1]

**5** Akusilo [1]

**6** Iqiniso [1]

**[Amamaki: 6]**

**Umsebenzi 2, imibuzo 7-11**

**1** B [1]

**2** C [1]

**3** C [1]

**4** A [1]

**5** A [1]

**[Amamaki: 5]**

**Umsebenzi 3, Umbuzo 12**

Indawo lapho okwabonakala ikhono lakhe okokuqala: **Esoweto** [1]
Uthini umbono wakho mayelana nemboni yezamafilimu eNingizimu Afrika?
**Incane kakhulu / ikhiqiza amafilimu amancane / ababhali bafuna abalingisi baseHollywood ukuba kube yibo abadlala izindawo ezihamba phambili kumafilimu.** [1]
Inani lamafilimu asedlale kuwo**: 8** [1]
Umuntu owamshayela ucingo mayelana nokudlala emdlalweni iThe Bold and the Beautiful:
**Umqondisi walolu hlelo** [1]
Indawo azoyidla emdlalweni iThe Bold and the Beautiful: **udokotela wenhliziyo** [1]
Usebenza amahora amangaki ngosuku? **10:00 - 17:00 / 7 / amahora ayisikhombisa** [1]
Zinguquko zini ezimbili ezizokwenzeka empilweni yakhe?
**(i)** <u>**kwezezimali**</u> [1]
**(ii)** <u>**ukukhula kwamathuba azoba nawo**</u> [1]

**[Amamaki: 8]**

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



**Umsbenzi 4, imibuzo 13–19**

**13** **(i)** emgudwini wamanzi/ izindwangu zokugeza izitsha

**(ii)** zingaphezulu lamakhabethe [1]

**14** Ukuthi ikhishi lingcole okwedlula indlu yangasese/ ukuthi ikhishi linamagciwane amaningi kwendlu yangasese. [1]

**15** Ukuthi kushintshwe imicamelo/imicamelo emidala ishintshwe ngemisha. [1]

**16** Kumele baqaphele bangabeki izikhwama zabo phansi ngoba kunamagciwane. [1]

**17** **(i)** Ungathola amagciwane kuzongokuzithinta. [1]

**(ii)** Ungasusa izandla ezingcolile ezinamagciwane uthinte ubuso ngazo nokudla okuthengile. [1]

**18** Ngoba abantu bajwayele ukusebenzisa lezi zinto kakhulu, ngoba abantu abakunaki/bayakhohlwa ukuthi zigcwele amagciwane [1]

**19** **(i)** funda okubhalwe ngaphandle (ngoba lokhu kuzokutshela ukuthi zibulala luphi uhlobo lwamagciwane) [1]

**(ii)** thenga izibulalimagciwane ezinephunga elimnandi (ukuze kunuke kamnandi ekhaya lakho [1]

**(iii)** awudingi ukuthenga izibulali magciwane ezidulaya/ezibizayo (nezishibhile zisebenza ngokufanayo) [1]

**[Amamaki: 11]**

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 1, imibuzo 1 – 6**

Lalela inkulumo yombhali ekhuluma ngezinja.

Phendula imibuzo engu-6 ngokufakauphawu (✓) ebhokisini okuyilo eliseceleni komusho ukuveza ukuthi uyiqiniso noma ungamanga.

Uzoyizwakabili le nkulumo.

Uvumelekile ukuyifunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Sonke lesi sikhathi ngangingazi ukuthi kanti izinja nazo zinemizwa njengomuntu. Ngangingazi ukuthi kanti nazo zinendlela ezikhombisa ngayo uma imizwayazo ithintekile ngandlelathize. Nami njengabo bonke abantu bengihamba ngiye emsebenzini imini yonke ngishiye izinja zami ezimbili zodwa ekhaya. Emqondweni wami ngangizibona izinja zami zitshakadula egcekeni zigxuma zijabula noma zizilalele kamnandi otshanini zithamele ilanga emva kokudla nokuphuza amanzi. Ngangingacabangi ukuthi nazo azikuthandi ukusala zodwa zingaboni muntu wasekhaya ezimjwayele nezingadlalanaye. Empeleni inja eshiywe yodwa ekhaya iyahlukumezeka kakhulu.

Lokhu ngikubone emva kokufunda umbiko owethulwe ngumcwaningi waseBrithani uJohn Bradshaw waseNyuvesi yaseBristol. Kulolucwaningo lwakhe uthole ukuthi ezinjeni ezingu 1,50wamamiliyoni zaseBrithani zinesifo sengcindezi yokushiywa zodwa endlini noma ekhaya. Bafaka amakhamera ezindlini zabanikazi bezinja abangu 20 ababecabanga ukuthi izinja zabo zihlala zithokozile. Amavidiyo aveza izinja zihamba zizulazula indlu yonke zizungeza, ziphefumulela phezulu, zinokukhala okungajwayelekile. Lokhu kwakusho ukuthi izinja zazingasithandi isimo ezizithola zikuso. Kungethuse kakhulu ukufunda lokhu, ngacabanga ngesihluku ebengisenza ezinjeni zami nokho ngabuye ngazixolela ngoba bengingenalo ulwazi mayelana nalokhu. Ngibe nogqozi lokuqhubeka ngifunde okubhalwe kulo mbiko wocwaningo.

Kuwo lamavidiyo ezinye zazibonakala ziklwebha ifenisha, zidabulanosofa, zichitha yonke into endlini, ezinye zidabula namaphepha asodongweni namakhethini. UJohn Bradshaw ugcizelela ukuthi akufanele thina banikazi bezinja sizipanishe ngokwenza umonakalo. Kunalokho kumele sizifundise ukujwayela isimo sokusala ngazodwana. Izinja azikwazi ukuxhumanisa ukupanishwa nezenzo zazo uma ngabe zisanda ukuzenza. UMnumane Bradshaw uthi abanikazi bezinja kumele bazifundise kancane kancane zize zijwayele ukusala zodwa. Ukwenza isibonelo, bazishiye isikhashana esifushane basheshe babuye baziphe ukudla okumnandi uma bebuya ukuze zazi ukuthi noma behamba kodwa akonakele lutho bayabuya ukuze zikhululeke. Ugcizelela ukuthi abanikazi baqhubeke nokuzifundisa ngalendlela belokhu belula izikhathi zize zijwayele ukusala usuku lonke.

UMnumzane Bradshaw uthi kubalulekile ukugcina izinja zithokozile njengomuntu ngoba nazo njengabantu zinemizwa, ikakhulukazi lezo ezincane ezihlala ezindlini isikhathi esiningi. Emva kokufunda lolu cwaningo nami sengizoqaphela ukuthi izinja zami zinakekeleka ngokufanele.

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesifazane:***

**Umsebenzi 2, imibuzo 7 – 11**

Lalela le nkulumo noMkhushulwa Mbhense emayelana nohambo oluvela entabeni i-Everest.

Phendula umbuzo ngamunye ngokufaka uphawu (✓) ebhokisini eliseceleni kwempendulo ocabanga ukuthi ifanele, A, B, C, noma u D.

Uzoyizwa kabililenkulumo.

Uvumelekile ukuyifunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Namhlanje sixoxa noMkhushulwa Mbhense ophuma eholidini eHimalaya nesithandwa sakhe. Siyakwamukela ohlelweni lethu Mkhushulwa. Kungani wakhetha ukuya entabeni yase Everest?

***Izwi lowesilisa:***

Ngijwayela ukuvakashela izintaba zasoKhahlamba uma nginesikhathi. Bengifisa ukuthi ngike ngenyuke intaba enkulu ukuze ngibone umehluko okhona. Kuthe uma ngibona ukuthi kuneqembu elisuka edolobheni langakithi elihlela lolu hambo, nami ngabona ukuthi yilo ithuba ebengililindele.

***Izwi lowesifazane:***

Ingabe uhambo lolu ongaluthatha uwedwa?

***Izwi lowesilisa:***

Mhlawumbe ungakwenza lokho, kodwa mina kwangithokozisa ukuthi ngaluthatha nomuntu engimthandayo. Phela lolu hambo alufani nje nokuzelulela izinyawo endaweni yangakini. Akuyona into ongayenza njalo le futhi awukwazi ukumchazela umuntu ongakaze aziyele khona ukuthi kukunikeza umuzwa onjani ukwenyuka intabakazi efana nale. Mina nesithandwa sami sixoxa ngemizwa yethu sikhumbule nezimo esidlule kuzo nezimangaliso esizibone ndawonye okulula nokuzikhumbula.

***Izwi lowesifazane:***

Nalulungiselela kanjani lolu hambo ngokwengqo nangomzimba?

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesilisa:***

Saqala ngokuhamba njalo ntambama. Lokhu kwakuhlekisa ngoba sasigaxe obhaka bethu em... siphambana nabantu abagijimayo besibuka bemangale. Sakhwela nezinye izintaba ezingasekha... ukuze sijwayele umoya waphezulu. Lokhu kwasisiza ngoba sakwazi ukujwayela isisindo sobhaka kanye nokuhamba ngezicathulo ezisindayo.

***Izwi lowesifazane:***

Yibuphi ubunzima enahlangana nabo?

***Izwi lowesilisa:***

Ukushintsha komoya nokungakwazi kahle ukuphefumula lapho uya ngokunyuka akuyona into ongazilungiselela yona leyo. Kwakunzima ukuphefumula ngoba izinga le-oksijini beliya ngokuncipha. Kubalulekile ukuthi usho ukuthi uzizwa kanjani sonke isikhathi kulabo ohamba nabo. Kanti futhi uma ungasakwazi ukuqhubeka kungcono ukuba uhlale lapho ungaqhubeki ngenkani. Baningi abantu esababona sebelandwa yindiza enophephela emhlane ngoba sebegula kakhulu.

***Izwi lowesifazane:***

Naniphetheni ngesikhathi nihamba?

***Izwi lowesilisa:***

Sonke sasigaxe obhaka abayisisindo esingu 12kg. Kubalulekile ukuthi uphathe izingubo ezifanele ukuze ukwazi ukubhekana nezimo zezulu ezimbi. Futhi kufanele kube yizingubo ezisheshe zome uma ziwashiwe. Imithi efanele kanye namaphilisi amavithamini abalulekile.

***Izwi lowesifazane:***

Kwakunjani ukufika esizindeni senkambu?

***Izwi lowesilisa:***

Kwakumnandi kakhulu. Phela lolu wuhambo olungelula futhi olubandayo. Lapho ubona amadwala kanye neqhwa elimboze intaba kuphela. Ukuwa kweqhwa liwela eduze kwalapho esasikhona kwangichaza kakhulu.

***Izwi lowesifazane:***

Ungaphinde uluthathe lolu hambo?

***Izwi lowesilisa:***

Cha, ngicabanga ukuthi lolu hambo lungena ngaphansi kwalezi zinto ofumele uzenze kube kanye empilweni. Akufani nje nokukhwela izintaba zoKhahlamba okuyinto ongayenza ngokuphindelela. Uyazi ukuthi kwasithatha izinsuku eziyishumi nambili ukuthi sifike esizindeni senkambu. Ngaso sonke lesi sikhathi besihlukene nentuthuko. Akukho selula, akukho zitolo zokudla, akukho ngisho indlu yangasese nombhede ofudumele.

***Izwi lowesifazane:***

Mkhushulwa, siyabonga kakhulu ngale nkulumo yakho enohlonze.

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 3, umbuzo 12**

Lalela le ngxoxo ephakathi kuka Terry Pheto ongumlingisi kanye nentatheli yephephandaba. Le nhlolovo imayelana nomsebenzi kaTerry Pheto wokulingisa nokubizwa kwakhe ukuba ayodlala emdlalweni owuchungechunge iThe Bold and The Beautiful.Gcwalisa amanothi azolandela.

Uzoyilalela kabili le ngxoxo.

Uvumelekile ukuyifunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesilisa:***

Emva kokuphumelela kukaTerry Pheto kuma Oscars emdlalweni iTsotsi, umdlalo waseNingimu Afrika owine umklomelo womdlalo wolimi oluhlukile ovelele, uthole ithuba lokuhamba amazwe ahlukene egqugquzela ukubukwa kwalomdlalo.

Lapha sihlangana noTerry Pheto ehhotela eliphambili laseSwitzerland. Terry ake usitshele ukuthi waqala kanjani ukungena kwezamafilimu?

***Izwi lowesifazane:***

Ngaqala ngidlala umdlalo wasesiteji eTheater eSoweto okuyilapho owayehamba efuna abadlali angibona khona, wangibiza wangitshela ukuthi kunamazwi omdlalo amahle ayefuna ukungibonisa wona.

***Izwi lowesilisa:***

Ngakube kunzima yini ukuba abadlali baseNingizimu Afrika bangene emdlalweni wamaFilimu?

***Izwi lowesifazane:***

Ngeke ngisho ukuthi kunzima, kodwa umkhakha wamaFilimu eNingizimu Afrika mncane kakhulu. Sikwazi ukwenza amamuvi amathathu ukuya kwamahlanu ngonyaka. Okokuqala abakhi bamafilimu uma befuna abadlali bamane bacabange abadlali baseHollywood kuqala ukuze badlale izindawo eziphambili emdlalweni.

***Izwi lowesilisa:***

Ake usitshele kafushane ngomklomelo wamaOscars?

***Izwi lowesifazane:***

Kwakufana nokuwina inkomishi yoMdlalo Womhlaba. Kwaba mnandi ukubonana nowayenguMongameli waseNingizimu Afrika uNelson Mandela, nokubona inqwaba yabantu esikhumulweni sezindiza iOR Tambo eseGoli besihlangabezile.

***Izwi lowesilisa:***
Mangaki amafilimu osudlale kuwo, mhlawumbe usitshele nezihloko zawo?

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesifazane:***

Sengadlala emafilimini amaningana impela, kulawo ngingabala iTsotsi engaqala ngayo ngo kwalandela iCatch The Fire ngo 2006, kweza iSikalli le Meogo ngo 2006, kwalandela iGoodby Bafana ngo 2007 kwalandela iMafrika ngo 2008 kwaba iHopeville ngo 2010 neJacobs Cross neZone 14.

***Izwi lowesilisa:***

Ngizwe umoyana sengathi kukhona okuhle okwenzeke empilweni yakho onyakeni ka 2011, ungasilandisa ngakho?

***Izwi lowesifazane:***

Impela kunjalo, ngithole izindaba ezimnandi kakhulu, angizange ngikholwe uma ngithintwa umqondisi weThe Bold and the beautiful ethi ufuna ngizodlala kulomdlalo owuchungechunge owaqala ngo 1987 engiwuthanda kakhulu. Kwaba sengathi wayezisholo ihlaya nje ezobuye athi ubedlala. Kwasa ngokunye sengibona ukuthi lezi zindaba zabe ziliqiniso.

***Izwi lowesilisa:***

Ngakube usuyazi ukuthi uzoqala nini ukuzimbandakanya nokuqhutshwa kwalo mdlalo?

***Izwi lowesifazane:***

Ngizoqala ukudlala kuwo ngomhlaka-13 kuJuni 2011.

***Izwi lowesilisa:***

Uzobe udlala muphi umlingiswa kulomdlalo owuchungechunge, futhi ucabanga ukuthi kungani kukhethwe wena?

***Izwi lowesifazane:***

Ngizobe ngidlala indawo yomlingiswa onguDokotela ohlinza izinhliziyo. Angazi ngempela, kuseyiphupho kimi ukuthi ngikhethwe kanjani. Umqondisi walo mdlalo uthi yena ubefuna umlingisi waseNingizimu Afrika omuhle futhi ohlakaniphile ozokwazi ukudlala le ndawo wase ebona mina ngifanelekile. Uthe ufuna ukuthokozisa abalandeli balomdlalo baseNingizimu Afrika ngokuthi babone umlingisi wasezweni labo okuzobenza bawukhuthalele ukuwubuka lo mdlalo.

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesilisa:***

Yikuphi okuhle okufundile nosakuzokufunda ngokuba kulo mdlalo?

***Izwi lowesifazane:***

Impela ngifunde okuningi. Asikho isikhathi sokudlala, Singena ekuseni ngo10 size siphume ngo 5 ntambama. Sithwebula iziqephu ezimbili ngelanga Asikho isikhathi sokuzilungiselela kumele ufike ungene emdlalweni ngaso leso sikhathi. Ngiyawuthanda umoya wokuzwana nothando olukhonjiswa ngabantu bakulo mdlalo. Impela kufana nokuthi sekusekhaya.

***Izwi lowesilisa:***

Ucabanga ukuthi ukuba ngumlingisi ophezulu kuyishintshe kanjani impilo yakho?

***Izwi lowesifazane:***

Impilo yami izoshintsha kakhulu kwezezimali kanjalo namathuba avulekile maningi. Abantu abaningi babecabanga ukuthi emva kokuwina umklomela kumaOscars ngangizoshintsha ngibe ngumuntu oziphakamisayo kepha angikaze ngishintshe. Angikholwa-ke ukuthi mina ngiyoshintsha ekubeni yilo muntu enginguye Futhi phela maningi namathuba enginawo emuva ekhaya eNingizimu Afrika ngakho ikhaya lami angisoze ngalikhohlwa.

***Izwi lowesilisa:***

Ngakube abantu baseNingizimu bayoqala nini ukukubona komabonakude babo usudlala kuyo iBold and The Beautiful?

***Izwi lowesifazane:***

Ngenxa yokuthi thina eNingizimu Afrika sisemuva ngezingxenye ezimbili zalomdlalo, ngiyoze ngibonakale komabonakude ngonyaka ka2012.

***Izwi lowesilisa:***

Sikufisela okuhle kodwa kanye nekusasa eliqhakazile Nkosazane.

***Izwi lowesifazane:***

Ngiyabonga kakhulu.

www.xtrapapers.com
www.PapaCambridge.com



***Izwi lowesilisa:***

**Umsebenzi 4, imibuzo 13 – 19**

Lalela le ngxoxo elandelayo ephakathi komsakazi kanye nomunye wodokotela ongusosayensi abenze ucwaningo olumayelana namagciwane adalwa ukungahlanzeki esihlangabezana nawo nsuku zonke emakhaya ethu nasezindaweni ezisizungezile bese ugcwalisa amanothi alandelayo ngegama/amagama afanele.

Uzoyizwakabili le ngxoxo.

Uvumelekile ukuyifunda imibuzo kuqala.

***Izwi lowesifazane:***

Esikhathini esiningi sizitshela ukuthi izindawo esihlala kuzo zihlanzekile futhi azinawo amagciwane, kuyadabukisa ukwazi ukuthi odokotela bezempilo bayaphikisana nalokhu, bathi usuku nosuku siphila phakathi kwamagciwane ahlukahlukene. Ngokocwaningo olwenziwe ngodokotela baseBrithani abangososayensi kuvela ukuthi amakhaya ethu afukamele inqwaba yamagciwane ayingozi. UDokotela uMkhize ongomunye wososayensi baseBrithani abenze lolu cwaningo uphakathi kwethu. Dokotela Mkhize ake usichazele ukuthi kungani uthi amakhaya ethu afukamele amagciwane ayingozi?

***Izwi lowesilisa:***

Ngokocwaningo olwenziwe ngo 2008 e-USA kuvele ukuthi ikhishi yilona eliqukethe amagciwane amaningi adalwa ukungcola. Kunamagciwane angu 500 000 endaweni engamasentimitha ayisikwele angu 64 emgudwini wamanzi. Okubi kakhulu izindwangu zezitsha esizisebenzisa ukugeza nokusula izitsha nengaphezulu lamakhabethe nakho kugcwele amagciwane. INyuvesi yaseArizona yenza ucwaningo endwangwini yezitsha esetshenziswe kanye kuphela athola ukuthi amagciwane akuyo maningi ngendlela emangalisayo. NgokukaDokotela Charles Gerba ongomunye wabacwaningi uthi ikhishi lingcole ngaphezu kwendlu yangasese.

***Izwi lowesifazane:***

Ngizizwa nginokusaba  okukhulu uma ngicabanga lokhu kungcola okhuluma ngakhoDokotela. Ake uqhubeke usichazele ukuthi yiziphi ezinye izindawo emakhaya ethu ezigcwele amagciwane ngaphandle kwekhishi.

***Izwi lowesilisa:***

Imicamelo esilala kuyo igcwele amaqanda ezimbungulu namazenze adalwa idasti kanye nezilwanyana ezincane esezifile. Umcwaningi ohola iqembula bacwaningi esibhedlela saseStBarts, uDokotela Art Tucker uthi, Abantu bafaka izikhwama zemicamelo ezinuka kahle ukuhlanzeka kodwa imicamelo yona uqobo isafukamele amagciwane.  Yingakho uDokotela Barts ekhuthaza ukuba imicamelo emidala ishintshwe kuthengwe lena enemiphetho evalekile engeke ize ivumele amagciwane ukuba angene ngaphakathi. Akuzona kuphela lezi zindawo lapho amagciwane egcwele khona zikhona nezinye.

***Izwi lowesifazane:***

Hhawu kodwa bakithi, kanti yonke indawo sizungezwe ngamagciwane? Qhubeka dokotela silalele.

www.xtrapapers.com



www.PapaCambridge.com

***Izwi lowesilisa:***

Yebo kukhona ezinye izindawo kungaba ingaphansi lesikhwama sowesifazane. Ingani phela beya endlini encane yomphakathi basibeka phansi, kanti kugcwele amagciwane uma sebephu lapho baphuma nawo lamagciwane. Izingubo zangaphansi ezinomswakama nazo ziyingozi ngoba zigcwele amagciwane. Izibambo zezinqola zokudla ezitolo nazo zigcwele amagciwane. Uma uzibambe ngezandla uyasuka uzithinta ebusweni wonke amagciwane adlulela kuwe nasekudleni ozokuthenga, uwathwale uye nawo ekhaya.

***Izwi lowesifazane:***

Kuyacaca Dokotela ukuthi cishe yonke indawo lapho sihamba khona sizungenzwe ngamagciwane. Pho singazivikela kanjani ekutheni siwathole futhi nasezifweni ezingadalwa yilamagciwane? Yikuphi okumele sikwenze futhi sikuqaphele nsuku zonke?

***Izwi lowesilisa:***

Ziningi izinto esingazenza ukuze sivikeleke kulamagciwane. Okokuqala, kumele uma sigeza izitsha siqaphele ukusebenzisa izihlanzi ezinamakhemikhali abulala amagciwane njengoBleach, Handy Andy nezinye izibulalamagciwane. Usinki kumele uwugeze zonke izinsuku. Uma ungena endlini encane yomphakathi ungasibeki phansi isikhwama sakho okungenani sigaxe endaweni ephakeme bese usisula ngesibulalamagciwane uma sewuphuma lapho. Kumele sikuqaphele ukugqoka izingubo zangaphansi ezomile ukuze singawatholi amagciwane. Kubalulekile ukugeza izandla ngesibulalamagciwane njalo uma kade usebenzisa indlu yangasese noma uzothinta ukudla. Ukuwasha izingubo zokugqoka kubalulekile kanjalo nokusebenzisa iziqholo ezibulala amagciwane emzimbeni njengasemakhwapheni nokusebenzisa imithi yokuxubha ebulala amagciwane atholakala nasemazinyweni.

***Izwi lowesifazane:***

Impela ulwazi olungaka luyamangalisa Dokotela. Ngakube kukhona okunye mhlawumbe okusasele obungafisa ukusitshela kona singakalugoqi uhlelo lwethu?

***Izwi lowesilisa:***

Yebo dadewethu kukhona. Bengingafisa ukunixwayisa nangezinto ezinganakekile njengomakhalekhukhwini, isitelingi semoto, izibambo zezivalo, izixubho zamazinyo kanye nokunye okufuzelokho ukuthi nakho kugcwele amagciwane. Yingakho kubalulekile ukuzisula ngezibulalamagciwane ngaso sonke isikhathi ukunciphisa lamagciwane ukuze niphephe.

***Izwi lowesifazane:***

Singazibona kanjani izihlanzi ezikwazi ukubulala amagciwane njengoba ziningi kangaka ezidayisa ezitolo Dokotela?

***Izwi lowesilisa:***

Kubalulekile ukuthi uma nithenga izihlanzi niqaphele imibhalo ebhalwe ngaphandle kulezo zihlanzi. Kumele zichaze ukuthi zibulala amagciwane anhloboni ukuze nithenge okufanele. Kubalulekile futhi ukuthi izihlanzi zibe nephunga elinuka kamnandi ukuze kushaye umoya opholile endlini. Zikhona ezishibhile kodwa eziwenza kahle umsebenzi.

www.xtrapapers.com



www.PapaCambridge.com

***Izwi lowesifazane:***

Kahle kahle Dokotela nizimisele ukulwedlulisa kanjani lolu lwazi eniluthole kulolucwaningo u lwaziwe ngabantu abaningi khona kuzonqandeka izifo?

***Izwi lowesilisa:***

Sizimisele ukusabalalisa amapheshana okubhalwe kuwo ngalemiphumela yocwaningo kuzo zonke izindawo, njengasezikoleni, ezibhedlela, nasezikhungweni zomphakathi eziningi. Okunye futhi sizimisele ukusebenzisana nezokwazisa njengamaphephandaba, imisakazo, omabonakude njalo njalo ukusabalalisa lolu lwazi njengoba ngilaphanamuhla.

***Izwi lowesifazane:***

Siyabonga kakhuluDokotela ngalo lonke ulwazi osusiphe lona.

***Izwi lowesilisa:***

Nami ngiyabonga kakhulu ngethuba eninginikeze lona Nkosazane.